Ilanga lase Natal.

Igez'elincokazi, elipuza yonke imilambo nemicacazo. Linabbhaleli zonke izigojana. Nampa abatengisi betu elitolakala kubo. Olifuna ngeposi atumele lap'Ohlange, Phoenix.

Durban Native Market, F. M. Cele.
" 113 Field Street, KwaNgobamakosi.
" 124 " " KwaGulakuseni.
" Prince Alf. Str., N. Gumede.
" Native Location, ...
" Point, Bell Str., J. Mcanyana.
Verulam, Thomas V. Ntanzi.
Stanger, S. S. Ndhlovu.
Grontville, Johannes Nxaba.
Sipo Bulose, Mapumulo.
Hill Crest, D. M. Lutuli.
Pietermaritzburg, A. J. Sililo.
Ixopo, Paulos Conco.
Vryheid, B. E. Mhlongo.
Greytown, E. M. Zuma.
Dundee, J. Ngubane.
Ladysmith, S H. Maduna.
Blauwbosch, E. ka J. Kuboni.
Standerton, F. N. Majola.
Volksrust, S. B. M. Sloomer.
Ermelo, W. Galela.
Johannesburg, Christian Literature Depot.
" Jeppe'stown, Miss E. East.
" Yeoville, J. Andrews.
" Braamfontein, J. Mota.
Pretoria, A. N. Mahlangu.
Boksburg, Jacob Mahlangu.
Germiston, Thomas Msimang.
Roodepoort, Sampson Sibisi.
J. Ngubane, Benoni.
Brakpan, J. M. Shibe.
Riverside, Railway Bookstall.
Port Elizabeth, P. O. Box 400, James Bosg.
Rhodesia, Plum Tree, G. Magawa.

ISAZISO.

Ngicela onke amaGatsha abhalelane nami angazise:
1. Abapati zikundhla zawo
2. Amakeli abo
3. Amagama amakosi onke
4. Amakeli awo

Izincwadi zonke mazipume ngaleli keli

M. M. Gumede
New Hanover

Bonke abongibhalela izincwadi zokwamukela ezabo ngozipendula ngalo ipepa.

Yimi,
M. M. GUMEDE.
Secretary, Natal Native Congress.

ISAZISO.

Uma ufuna umuti wezilo yiya esitolo otenga kuso ufike ubize HARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE (Umaqotula) uqiniseke ukuba lowo muti akunika wona unesitombe sendhlovu uqapelisise ukuti unegama lika HARTLEY. Ninga panjaniselwa. Nibuze kumnini vinkili uma engenaye UMAQOTULA ngitumeleni igama lake bese'ngiutumela kuye, ngokwenza loko niyobe nisiza mina.

Mr. A. H. TODD,
Umkemisi Wabantu,
RED HILL, Natal.

ISAZISO.

Intlangano yonyaka we1919 uyakudibana eQueenstown, Cape Province ngolwesiBili 6th May, 1919 ngo9:30 a. m.

Ngendawo zokulala nokuhlala abaTunywa basize bazise umlungiseleli uM. Pelem Esq.,
P. O. Box 46,
Queenstown, C. P.

Ngomyalelo.
S. M. Makgatho-President,
P. O. Box 70,
Pretoria.

I. Bud-Mbelle-General Secretary,
118 Anderson St.,
Johannesburg.

Wanted.

Wanted in April 1919 one 2nd Grade female teacher for Deyi School.

Apply with testimonials to
Rev. A. A. WELLINGTON
Wesleyan Parsonage,
Ixopo.

Isifundo seSikole seSonto

EsesiHlanu, May 4.

UMUNTU ENZIWA NGENTSWEBU KA NKULUNKULU Gen. 1:26-28; 2:7-9; Ef. 4:20-24. ISITATELO:—"UNkulunkulu wamenza umuntu ngentswebu yake ngoqobo". Gen. 1:27.

Awawotitsha. Ihubo 9:1-9; 15:1-5; Luke 6:31-38; Rom. 2:1-16.

Njengaloku sesize safika lapa sifunda ngoNkulunkulu, nangoJesu Kristu, noMoya oyingcwele; sesifike manje ekufundeni ngoMuntu.

Umuntu wadalwa waba yisiqongo sezinto ezidaliweyo ngako kwagcinwa ngaye. Kuqala uNkulunkulu wadala konke okunye, imihlaba, namalanga nemiti nezilwane wagcina ngomuntu. Kuyabonakala ukuti zonke ezinye izinto zadalelwa umuntu zilungiselwa yena.

Into emangalisayo idhlula konke ekudalweni komuntu yikuba uNkulunkulu wamdala ngentswebu yake uqobo. Izilwane zona zadalwa zehluka zaba izilwane nje, kepa umuntu nakati umzimba wake ufana kakulu nowezilwane, kepa ute ukwahluka nje ngesimo, noko wenziwa ngentswebu kaNkulunkulu. E, loku akusho ukubukeka komzimba kwazise njengoba sesishilo siyafana nje nezilwane. Sidhla kona loko kudhla okudhliwa yizo, sinezito ezifana nazo kakulu yebo zonke izito zomzimba, sihlala ndawonye nazo sifise okwazo. Kepa inxa sekufikwa endabukweni yetu yomqondo neyomoya sifuze uNkulunkulu. Izilwane kubonakala zingazi luto ngoNkulunkulu. Zicabanga nje zigcine lapo kupela ukubona kwazo, kepa umuntu uye afinyelele kuNkulunkulu ezwaue naye, atande njengaye, unompefumulo ohamandhla okupila okupakade, unesimilo esingase sibe ngcwele kakulu. Noma siti, Ake ubheke umuntu umzimba wake, ufana nesilwane, uma umhlubula umzimba ushiya umpefumulo wake wodwa umbone efana noNkulunkulu.

Evesini 28 sizwa ukuti lomuntu wapiwa ukuba abuse zonke izinto ezipilayo azinqobe. Bala kunjalo, akuko luto olupilayo olubusa pezu komuntu, ngisho ibhubesi nendhlovu izilwane ezingapezu kwomuntu ngamandhla, sibona zibanjwa zifakwa endhlini ngumuntu ngenxa yokuba enokuhlakanipa okukulu akupiwe nguNkulunkulu. Usenqoba ngisho umoya manje, usendiza emoyeni kuhle kwenyoni. Konke kwenziwa yikuba ebekwe nguNkulunkulu pezu kwayo yonke into lap'emhlabeni.

2:7 UNkulunkulu wenza umuntu wamfuzisa yena ngokupefumulela kuye umpefumulo wokupila. Izilwane zasimze zadalwa ngezwi lake kepa kumuntu wapefumulela owake umoya wase eba ngumpefumulo opilayo Ukuba wakwenzakanjani akuko muntu opilayo owaziyo, kodwa sazi nje ukuti wakwenza. Namhlanje wonke umuntu upefumla ukupila kukaNkulunkulu.

Esemenzile umuntu waba umpefumulo opilayo wamkulula ukuziqomela okuhle nokubi. Naye uNkulunkulu uqobo unentando ekululekileyo, uyaketa, ngako lapo enza umuntu emfuzisa yena wamyeka wakululeka. Waengempoqe ukwenza okulungileyo, nokususa kuye ukuba abe mubi. Isilwane asinayo indabuko yokuhamba okuhle; esikwenzayo siyakwenza kepa asazi luto ngokuhle nokubi. Umuntu uyakwazi okuhle nokubi. Ngako inxa sitshelwa ukuti uNkulunkulu wabeka umuntu ensimini yase Eden, watshala kona pambi komuntu umuti wokwazi okulungileyo nokubi loko kusho nje ukuti uNkulunkulu wabekela umuntu ukuziqomela okuhle nokubi kepa wamnika ukukanya okwambonisa kahle ngokusobala ukuti mangakwenzi okubi, makalalele izwi likaNkulunkulu. Umuntu wokubona okulungileyo, wazi okuyintando kaNkulunkulu kodwa kwati ngokuziqomela kwake wapula umteto kaNkulunkulu, wenza isono wahlulwa indabuko yobulwane wawona umpefumulo wake owenziwa ngentswebu kaNkulunkulu. Lwase luncipa ufuzo luka Nkulunkulu kwakula olobulwane. Wonke umntwana uyakwenza loku. Umntwana uzalwa enentswebu kaNkulunkulu. Akanalo nelincinyane icala, ingane ayinabubi kepa ifana nengelosi kaNkulunkulu, ingcwele ayikabi nasono. Kepa iti lapo isiqonda isiyahlukanisa okuhle kwokubi iqale ukuketa okubi ibese ikukuleka njalo kuNkulunkulu.

Kepa uNkulunkulu sewenza indhlela yokuba uma umuntu eseke wakukuleka kuNkulunkulu wona inswebu yokufuza uNkulunkulu, ukuba angabe esenze njalo. Wasitumela uKristu ukuzausenzela isibonelo esibonisa umuntu ongazange akukuleke kuNkulunkulu kepa ohlala eketa okuhle njalo. Naye njengabo bonke wadalwa ngentswebu kaNkulunkulu kwati ngokuketa kwake wazigcina njalo efuze leyontswebu. Kuye umuntu ubona afanele abe yiko. Lomgomo esinawo kuJesu Kristu ukombisa umuntu ukuwa kwake, nokukukuleka kwake kuNkulunkulu, ubese ubeka pezu kwaloko utando olumangalisayo lukaNkulunkulu olwabonakaliswa ekupileni, nasekuhlupekeni nokufa kuka Jesu, sibe noto olunamandhla lokudonsela abantu ekupendukeni. Apendukeukuba wake wakukuleka kuNkulunkulu, esefisa uma kungenzeka ukuba abuye akule entswebini kaNkulunkulu yoqobo. Inxa eseke wapenduka ngoqobo waz'otula ngokupeleleyo kuNkulunkulu, amtshele ukuti ufuna ukufuza yena, acele amandhla okunqoba uNkulunkulu uyamupa uMoya oyingcwele wake ngokusha kuti ngamandhla amangalisayo abuye apefumumulele kuye umoya wake, abese umuntu ezuza amandhla okubuye afuze uNkulunkulu.

E, uPaul emavesini akwabase Efesu akona kulesisifundo setu sanamhla usigqugquza ukuba sikumbule ukuti loku singamaKristu sesikumulile izenzo zobulwane zenyama, sifundiswa iqiniso likaJesu Kristu, nokuti ngaye sinetemba lokufuza uNkulunkulu ngako kuseweleke kuti mihlayonke sivuselelwe ngalomoya omusha kaNkulunkulu, sihlale siqiniseka mihlayonke ukuba sitole amandhla akaMoya wake oyingcwele kona kuyoti mihla yonke (V. 24). "SIGQOKE UMUNTU OMUSHA WOFUZO LUKANKULUNKULU OWADALELWA UKULUNGA NOBUNGCWELE BWOQOBO.

Sonke siwile siyajubajuba. Ngako masibuye singaze silahlekelwe yiloko esidalela kona uNkulunkulu.

Opikisa uNtateli.

(Ku Mhleli weLanga.)

Ngicela indawana epepeni lako kengipendule uMr. Ntateli epepeni lako likaMarch 28, 1919.

Ngifundile lapo ekuluma ngezase-Matikulu eti sekulula kabi lapa pakati komuzi ngoba abef ndisi baseSwidi sebe tutile indhlu yabo abasahlali lapa sebesondele lapo kwakelwe kona amandiki. Ngiyakupika loko, akunjalo. Amandiki akude le elwandhle Ngiyamangala ngawe Mr. Ntateli ngoba autateli iqiniso. Uma wawukona emhlanganweni kaChief Puta konje aubonanga igquma lapo akile kona uMfundisi na? Utike leyondawo ingabizwa ngokuti isemandikini na. Qa, yini ungati usondezele edluze nomuzi kaPuta na? Ngoba pela uma usuka lapo kwake kona uMfundisi kutata amaminiti alishumi kupela futi ngiyamangala uma uti uMfundisi kazange abikele nabantu ukuti sengituta lapa wazihambela nje. Yebo uqinisile uma uti awazi kwazi abaziyo ngoba unguNtateli mhlaumbe wawuhambile uyotatela kwenye indawo. Ngiyakupikisa kuloko, ibandhla lonke liyazi ukututa koMfundisi ngoba lendaba mayelana nokututa koMfundisi yaqalwa ngesikati sokuwela kwoMfundisi G. Monson lapo ibandhla lakulumisana ukuba umuzi utute ngenxa yokuba lendawo ifundumele inomkuhlane nabantu aba vumi ukutumela abantwana babo esikoleni. Ngisho ngalesosikati futi uMvangeli lowo uMr. Z. M. Mzimela ungufakazi walezizindaba uma etanda ukukuluma iqiniso ngoba komunye umhlangano wasukuma wati kungakuhle ukuba abafundisi basicelele ebandhleni pesheya ukuba lisize ekututeni umuzi ngenxa yalendawo efudumeleyo isikole singe nakuma kahle kuyo, futi ngenxa yendawo isecaleni nesabelo, manje umfundisi upakati nesabelo sikaChief Puta. Ngiyakupikisa kuko konke lokukuluma kwako Ntateli, ngiyabaza ngiti ingani amatshe ayembiwa yibandhla lawatuta lawatuta lawasa lapo akile kona umfundisi manje ngezinqola zalo nangezihlibhi zalo? Poke abapi abantu abangaziyo? Akusilo iqiniso konke ukusho kwako. Yebo Mr. Ntateli ngokugunya kwamaNazareta okushoyo angizikungena kuko ngoba noma ngingena ngingakuluma iqiniso ngokugunya kwawo ngoba angitandi ukudumaza umuntu noyedwa ngitunise igama lake njengawe uloba ngomfundisi okungesilo iqiniso wandisa okungesiko ezweni, ngoba pela lendaba isifundwe kulo lonke izwe ngabafundi balelipepa. Ngako ngiti nina nonke enifundileyo yonke lenkulumo kaNtateli esengiyipendulile akakulumanga kahle neze futi ngokudhla ukudhla siyakudhla sonke njengoba uti yena abasadhli nakudhla ngenxa yamaNazareta ngiyakupika nako loko Ntateli.

Futi ngiyamangala ngalomuntu ogama linguNtateli ngoba angimazi umuntu ogama linguNtateli lapa eMatikulu njengoba uti wake lapa eMatikulu. Yini ufihle igama lako na? Yini ungalibeki obala uma ufuna ukukuluma iqiniso?

Tetelela Mhleli ngakwelula kwami.
Imina,
J. MHLONGO.

ISAZISO SOMKOSI.

"KUBALIMI."

Oqonde ukutola impahla yokulima, unetuba elihle lokulobela eNative Market kuHENRY MKWANAZI onguMenzi wezimpahla zesikumba noma yini yolungiswa ngokushesha ngalo isonto oyitumela ngalo uyakuyifica isikulindele eP. O. kini noma eStation futi.

Nakubalisa nezintokazi abaqonde ukutola amaBelts apambili noma Platting Belts, nokuningi okuncane. Tumela Masinyane ku:—
H. MKWANAZI.
Harness Maker,
Native Market,
Victoria Street,
Durban.

AWUGEJI.

UChamberlain welapa ukuruda igazi ukungahambi kahle kwegazi, ukipa nenyongo. Uma ingane iruda igazi, nasekulunyweni isisu awudhlali. Baute ngisa yonke indawo.

Ukuhlasela kwabelungu kwaZulu ngo 1879.

UKUQALA KOKUHLUPEKA.

Ngaloko izinsizwa ezabe zisavuma ukuziyisa enkantolo. Loko-ke kwaba icala, inkosi uNdabinesilevu wakubika lapa komkulu. Kwasokutunyelwa kubizwa uLangalibalele. Kepa wadonda ukuza kuHulumeni esaba ngendaba eyake yamvelela nga'mdhla umfowabo omkulu uDhlomo ebizwa nguDingane kwaZulu, wafika wabulawa. Wesaba uLangalibalele eti "Ngibizelwani, loku umfowetu wabizwa qede eMgu'ndhlovu wafika wambulala uDingane? Po, futi loku izibhamu lezi zitengwa ngabafana kubo abelungu, mina nginandabani?" Ute uba abizwe futi, engasukumi ngokokugcina kwatunywa iMahoiza kaMlandu wakwaMkize, induna kaNgoza, (owassla ukumuka kuka Ngoza ese eyakwaka kwelinga petsheya kwoTukela elali elika Matshana wakwa Sitole). Po-ke uMahoiza lowo wabe ngumuntu ovame amanga kakulu. Wati uba afinyeleie kuLangalibalele, kwati ukuba bakulume nabantu beti uyifunelani inkosi yakobo, waza wakuluma namazwi amanga okuti babemfanisa nokuti keme abhekane nelanga njengamadda nesifazana. Kwati ngoba amaHlubi eti kakumule ijazi aligqokileyo wati uhlutshulwe bhwe izingubo wanquniswa, wema bunqunu. Kepa amaHlubi ayete 'Wena ufuna ukukuluma nenkosi nyibone nje upeteni lapa ejazini lako?" Bekumbula indaba abake bayibona yenziwa nguMr. John Shepstone mdhla edubula uMatshana, efuna ukumbamba. Loko-ke uMahoiza wakugugula wakwenza ukunquniswa ngenxa yokuba esembulala nya uLangalibalele. Watukutela-ke uHulumeni wafaka impi yaya kubamba uLangalibalele. Nangoke eti lapa es'eqa ebaleka izinsizwa ezazipetwe yinduna uMabhudhle nazo zilandela inkosi yazo, zase zibona impi yamaCarbineers ifika kuzo, sebelambile abelungu bebona izinsizwa ziquba izinkomo, bayidumela enye kuzo bayidubula yafa. Bate lapa beqala ukuti bayayihlinza, satsha ezinsizweni zikaMabhudhle; kwawa abantu abahlanu; yabe seiyahlehla njalo eyamaCarbineers. Kunjalo njalo inkosi ikwele uNdi ngaitangi yadundubala yaqonda oSutu kwelika Moshweshwe kaMokhashana, inkosi yaba Gwena (yakwa Ngwenya). Kulapo-ke lapa uLangalibalele abanjelwa kona eseyengwa ngumngane wake uMolappo kaMoshweshwe. Wehliswa-ke uLangalibalele waletwa lapa eMgu'ndhlovu. Kulapo-ke lapa yavuka kona "Indhlondhlo emeblo'mane yas'Ekukanyeni, uMapilipili ojengezulu lihloma o'ndaba zifika kuqala petsheya, uMatshetsh' afike eNgilande." Wavuka impela engaboni ukuti konje uLangalibalele ubulawa nje woneni loku ubezibalekela njena. Aqamuka-ke law'amanga kaMahoiza kaMlandu. Kwati noma uSobantu etshweleza kakulu ngokungakaya uSir Benjamin Pine owabe nguHulumeni waseNatal kuleyo nkati wadhlula wambopa okaMtimkulu, wamuyisa esiqingini saseRobben Island, lapo kwakubotshelwe kona inkosi yasemaXoseni uMaqoma ngeminyaka etile edhlulileyo. Uzwani-ke kwabe kute uba kuzwakale enkosini kwaZulu ukuti uLangalibalele utole icala elingako yatuma izigijimi lapa kuSomseu kaSonzica, yacela ukuba okaMtimkulu axotshelwe kwaZulu. Yabuza futi ukuti "Hau uBaba weza lapa ezongibeka, wafika wanqumisela ukuti mabangabulawa abantu, ngamlalela; kepa wati efika ekaya wayedhlula ngezinyawo eyakubulala uLangalibalele na? Kunjani pela, loku wati akungacitwa ingazi, yacitwa nguye ngingakayiciti mina engangizoyalwa nguye? Kanti kunjani na?" Noko lawo mazwi amahle kangako kawalalelanga okaSonzica, wadhlula wayis'empisini, nembala wabotshwa okaMtimkulu wabotshwa pezu kwamazwi amaningi kaSobantu okumbuzela naokumtshwelezela komkulu, okwabanga ukuba uSobantu atukutele waze waya kumbuzela kona petsheya. Lapo-ke wawela umfo kaSonzica, esebizwa kona petsheya ngayo leyo ndaba. Yase ilandela nayo iNdhlondhlo yas'Ekukanyeni yaya kona Undunankulu uLord Carnarvon wamlahla uSomtseu wavumela uSobantu engalitoni naye icala abotshelwe lona uLangalibalele. Kwasokuvuka abelungu balapa eNatal beti kwoti mdhla uLangalibalele ebuyiswayo badubule umkumbi omtweleyo, ufe. Ngaloko uKwini wab'eseti, uLangalibalele kafunelwe indhlu enhle kona eCapetown, akululwe kodwa esiqingini eRobben Island. Wahlala kona-ke okaMtimkulu namakosikazi ake amabili nendodana yake uMalambulo.

E! nizizwile-ke kaloku izisusa nezigigaba zokubulawa kwomuntu omnyama. Ngitsho kona lapo kambe umuntu otemba uNkulunkulu kavume aqiuise lawamazwi kaDavid inkosi yamaIsrael. "Noma ngihamba esigodini setunzi lokufa angiyikwesaba okubi nakuloko." Bhekani-ke inkosi enkulu kangaka, uCetywayo ongabonange ekutola ukuhlupeka seloku wazalwa! Watatwa wawezwa ulwandhle, esehamba nabantu bezizwe abatumbe ezweni lakubo bemyisa lapo engazi kona. Kanti-ke qa uYise opezulu uyazi yena lapo eya kona!. Lifanelwe ukuba libongwe iGama likaBaba wetu oseZulwini.

IMINIKELO, Model Dairy

S. S. Msomi (Induna) 2s 6d George M. M. Mapumlo 2s Swindi Mtshali 2s Ntshingumuzi Mtembu 6s Ntantetu Mhlongo 1s Nomzuzu Mkize 1s Mantenga Zama 3d Mbongweni Mzobe 3d Velapi Cele 1s, Jeke Cele 1s, Nondanda Ngcobo 1s, Setshata Mante 3d, Zofaniya Dhlamini 1s, Mahumane Ngcobo 2s, Mtumuni Mapumlo 1s, Mossi Ngidi 6d, Sinkenyane Dube 2s, Timothy Ngcobo 1s, Gebana Tabete 1s Zonke S. Msomi 6d, Nowai Zama 6d, Chalisi Mfeka 3s, Selimba Cele 1s. Mandhlavana Mkize 1s, Ephraim Mzobe 2s, Joseph Jnlu 2s, Gadhluzake Ntutu 6d, Elfas Kumalo 6d, Aaron Zulu 1s, Dhludhla 2s, Victor Ciliza 3s, P. Cele 2s 6d, Zeckaria Cele 1s. Mabhengwane Mpanza 1s, Dayim Mija 1s, Josiah Butelezi 1s, Zonele Ntaka 6d, John Mlotshwa 1s, Nkoteni Cele 6d, Sibhai Ntanjeni 1s, Mngani Nyandeni 6d, Model Dairy £1 9 3 Richard Magubane 2s, Thomas Ndhlovu 1s, Smith Mbonambi 6d, Nyatikazi 1s, Jonah Nxumalo 1s, Mfeka 4d, Somsewu Cele 6d, E. Mhlongo 6d, S. Makubalo 2s, P. Mgenge 6d, A. Mnganya 1s, M. Nyatikazi 1s, G. B Butelezi 1s, A. Mgenge 1s, Joshua Bhengu 2s J. Ngcobo 2s 6d, O. Vilakazi 6d, M. Mhlabi 2s, A. Mtetwa 2s, Badi Majaba 2s, J. Hlongwa 1s, Charles Zibisi 2s 6d, Magubane Ngcobo 1s, Z Zuke 2s 6d, Pahla Mabasa 1s, Mgu Mzimela 1s, Luka Pungula 1s, E. Ngcube 1s, Fanyana Dhladhla 1s 6d, Charles Gumede 5s, Jonathan Ngcobo 1s, Amos Busane 1s, Mrs. D. Sibiya 1s, T. Matunjwa 1s, A. Ciliza 2s 6d, R. Mngomezulu 1s, K. Mkize 6d, M. Biyela 1s 6d M. Zulu 1s, J. Zulu 1s, Thos. Zulu 2s 6d, D. Ndhlovu 1s 6d, Dhlamini 6d, M. Gumede 2s, Thos. Ngidi 1s, E. Nteta 1s, B. Lushozi 1s, R. Kwela 6d, A. Ngcobo 6d, J. Ncube 6d, P. Ngcobo 1s, F Ngcobo 6d, E. Makatini 2s, M. Mkwanazi 1s, A. Mlotshwa 2s, Charles Mtembu 1s, Judas Mongomezulu 1s 6d, Mhlaweni Mpanza 1s, Charles Gcabashe 1s, Johannes Mpili 10½, P. Mnganga 6d, Stephen Mzimba 1s, Lafayeli Pungula 1s, James Msomi 2s, Joseph Mtembu 6d, P. Msomi 4½, Amos Zuma 1s, Amos Gumede 6d, Johannes Makabahlela 8d, J. Cele 2s 6d, Aaron Kuzwayo 1s, Aaron Zondi 1s, Alexander Xulu 1s, Joseph Zulu 6d, Mrs. S. Zulu 6d, Solomon Kanyile 2s 6d, A. J. Mtembu 1s, Reuben Kwela 6d, Thos. Ntuli 6d, Charlie Gumede 1s, Mtu Gumede 1s; Wilfred Ndelu 1s, Geo. Sabela 1s, Jonathan Langa 1s, Ad. Mlotshwa 1s, Charles Mtembu 1s, Mabel Mtimkulu 6d, Randles 13s 6d, Reid & Acutt £1 1 6, Jonathan Zulu 1s, J. Ngcobo 1s 6d, A. Vilakazi 6d, Chas. Zibisi 2s 6d, Madubana Ngcobo 1, Z. Zuke 2s 6d, Mpohlo Mabaso 1s, Mgetye Mzimela 1s, Luka Pungula 1s, J. M. Mngadi 2s, Elijah Ncube 1s, Fanyana Dhladhla 9d, Charles Gumede 5s, G. Bhengu 2s, B. Bhengu 1s, G Bhengu 1s 6d, O. Vilakazi 6d, F. Mtetwa 1s, B. Magcaba 2s, J. Dhlongwa 1s, C. Zibisi 2s 6d, M. Ngcobo 1s, Z. Zuke 2s 6d, R. Mabasa 1s, G. Mzimela 1s, L. Pungula 1s, M. Mgodi 2s, Z. Ngcube 1s, M. Dhladhla 2d, C. Gumede 5s, J. Ngcobo 1s, J. Mngomezulu 1s 6d, Gqabebe 3d, C. Dhlamini 2s, M. Mpanza 1s, C. Gcabatshe 1s, Sitole Gwebese 1s, Lazoros Sibiya 1s, Reuben Mngomezulu 1s, Con. Mkize 6d, Nkwanyana 6d, Reuben 6d, Dundu Ndhlovu 1s, Smith Mbonambi 6d, Mbekeni 2s, Tomase 1s, Elayija 1s, Salimoni 6d, Alubeda 6d, Ncube 6d, F. Ngidi 6s, James Ngcobo 1s, Jonathan 1s, C. Mtembu 1s, E. Mhlongo 6d, Sogoli Makubalo 2s, M. Nyatikazi 1s, C. Kunene 1s, F. Ngenge 1s.

Imali evela eModel Dairy (brought by Charles Mfeka.)

Solomon Lutuli 1s, J. F. Ndhlovu 3s, Mzenzi Mavundhla 1s Mbekeni Ngcobo 1s, Nyuswa 1s, Ginga Lumbi 1s, Sembulo Mvuya 2s, M. Gumbi 1s, M. Butelezi 1s, M F. Dhlamini 6d. Mtuntu Dube 1s. Mr T. Gumede 2s, Elliot Mhlongo 1s, F. Mngadi 1s, Moses Masondo 1s, Moses Ntombela 1s, Ndaluza Komo 1s, Ch. Zulu 2s 6d S. Nkwanyana 2s 6d, A. Cele 1s 6d, M. Ngcobo 1s, L. Ntuli 2s.

Isiyonke: £13:0:0

Abanikelele uCongress eTekwini.

Reid and Acutts Wool Mart.

Jim Ginddie 2s Emaqadini, Elijah Mdhluli 2s 6d Mapumulo, Kokwana Gwala 2s Endulinde, Amos Gabay 2s Inanda John Lutuli 2s Ehlungwini Willie Ndhlovu 2s 6d Endwedwe James Mnyandu 2s Umzimkulu Bhombi Kumalo 2s kwaCele Mashanga Tshangase 2s Emqeku Masuku Zondo 2s 6d Emkomazi.

£·1·1·6.

ILANGA NOMQONDO WAKO.

Faka uChamberlain uma igazi emzimbeni, nokunkenketa kwamatambo, kungakuvumeli ukuba wotumela ilanga. Izinsukwana woti wetuka ubusupandhle elangeni, besekutike igazi libuyele emitanjeni libe bomvu, likipe yonke into ehlupayo kulezizifo. Bawutengisa yonke indawo abatengisi.

Ukulunywa yikizane.

NOMZIMBA OMUBI NGENXA YEKIZANE.

NALAPO KUNGEKO NYANGA UZAM-BUK UYELAPA.

Akenizwe okushiwo nguMr. W. A. Burger wase The Lands, Beaufort West.

"Kwati ngihamba nenqola ngibopele odonki, poke loku ukuhamba kuyazenza izindaba, ngalala pandhle nje kwa Fha, ngase ngilunywa ikizane pakati nomlenze wami. Kute sengilingcotule ikizane ndini lwavuvukala uhlangoti lomlenze wami kwaba buhlungu. Ngaze ngavuvukala nomzimba wonke ngase nginxusa abafana ukuba babopele, bangisa emzini oseduze ukuba ngitole nosizo. Ngase ngiti sengifile lapo sengibona sengingangemvubu ngenxa yokukukumala, ngingasanya kazi, kwase kuti lapo ngilunywe kona kwabasabadhlana elimnyama.

Kwakungeko nyanga ngoba ngangi kude nezwe, kepa noko umame inkosi kazi yomlimi, yangifaka inkitinkiti yamakambi, noko angisizekanga kwaze kwati kwabonakala uZam-Buk usumnca ne ngawufaka pezukoba ubuhlungu b se bungifumene, ngatola nobutongo ngalelo langa, nokuvuvukala sekuqala ukuncipa nomzimba wehla. Ngelanga lesine ngabona sesihlekezeka isilonda. Ngabamb'ongezansi sengibona ubovu obwapumayo, uZam-Buk wangihlanza impela, ngaze ngalala, ngahamba yonke indhlela ngonoqakala sengicabanga nokuti uZam Buk uye owangipilisayo.

UZam-Buk uqeda nya yonke into embi, nesilonda esigcotshwa ngoZam-Buk asimfimfi UZam-Buk wehlula nezilonda ezixixayo, nezokakayi, nezomzimba omubi, nezezilonda ekanda, nazo zonke izinhlobo zezilonda

UZam-Buk ungatolwa kuzo zonke izitolo nama Kemisi ngedoshana, ubiza u1s. 6d. ngelikudhlwana u3s. 9d. Uma ulitumela ngeposi kuZam-Buk Co., 9 Long-Street, Cape Town, unga kubiza u10s. ngamatatu amadosha omakulu.

NgamaNxusa aseNatal aya Pesheya.

Kukona inkulumo engingezwani nayo Nkosi yami Mhleli nabafundi bako eqamuke epepeni "Ilanga laseNatal" lika11th April nxa lipata oChiefs S Mini noNtombela liti bavusa ututuva uMr. Mbongwe akaqape aze azise.

Ake ningipe indawana ke bakiti ngikombe ukuba angizwani ngani nalenkulumo. UNatal Native Congress lona "iNqina" ezingela ilungelo lomuntu. Ngizokuluma ngeyabelungu ke inqina okuzingelwa kubona ilungelelelo. (1) uMzingeli (2) Isibhamu (3) inhlamvu (a) Iyipi indoda edhlula uChief S. Mini engokucita igazi ezimpini esiza uMbuso lo esipanse kwawo elwa izimpi zabambhlope bodwa nezabantu bakubo enzaseMbuswe elwela intobeko nelungelo lomuntu ontsundu? Ngityeleni ibenye emdhlulayo. (b) Iyipi indoda edhlula uRevd J. L. Dube ngokubanesibindi ukukuluma embusweni isikalo somuntu ontsundu, nenamanxeba njengaye? Ngikumbula mhla eculwa yihashe eya eMzimkulu. Ngikumbula ebanjwa eBloemfontein eya eCape Town ngePass. Ngikumbula mhla ehamba kuza kapele amahumosha okuhlumusha isiSuta sezwe aye sekulele kwaSikukuni, ngingakulumi ngenigidhla yasez nkantolo eyitwala ngenxa yomuntu. Ngityeleni ibenye edhlula yena. (c) Iyipi indoda edhlula uChief Mankulumane ngokwazi nokuqonda ukufa kobukosi bakwaZulu? Zonke izehlo ezehla kona nowabona ijele lapo asingata kona uMutwana etwele lobo bunzima waze walala e tunzini ongunapakade? Nowazi zonke izinkulumo zombuso nezetembiso zonke ezatenjiswa ubukosi bakwaZulu? Ake ningityele ibenye emdhlulayo. Umzingeli uChief Mankulumane, isibhamu uChief Mini, inhlamvu uRevd J. L. Dube. Umzingeli esipete isibhamu ingeko inhlamvu inyamazane ivuka kanakuyibulala ngaluto noma epete inhlamvu singeko isibhamu ngeke ayitole inyamazane leyo, isibhamu nenhlamvu kungapetwe umzingeli ukukusebenzisa akuluto kungeyibulele inyamazane leyo, kanti umzingeli esipete isibhamu nenhlamvu inyamazane inokubulawa kalula umzingeli ngoba upelele.

Izweleli likaPunga likaMageba lingapatwa ila madoda:Chief S. Mini. Revd J. L. Dube, bequtshwa uMankulumane ukuyokonza embusweni ngoba laba banemisebenzi ebavumayo loku bangakufeza. Loku okusungulwa iLanga laseNatal akutokozisi ngoba kanti iona seleluse ukuti uChief S. Mini kasenakwenza luto yini alwenzele iNatal nkZulu? Bningi esesibanike imisebenzi yokutwala lenhlangano akade belwa izolo. Namhla sebekutele. Ngixoleleni bakiti, ngizwa ubuhlungu kuloku ngoba kanti akupeli.

J. CALUZA
Chauffeur.

Maritzburg.

UMKUHLANE EBANTWANENI.

Nibayekelani abantwana benu uma bekwelwe umkuhlane, ngoba uma bengaba negabha lika Chamberlain lokuqeda ukukwehlela? Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Kubangwa Yigazi Elimanzi

Abantu abaningi ba i lagulisiwa yizinso ngoba bezwa kubuhlungu eqolo, kanti buningi ubuhlungu beqolo obuba ngwa yizinyama ezikandhlekileyo nezigutshwa ukudhla kunokuba kutiwe yimenye Kwabanjaloke yigazi elidinga ukwakiwa

Abaningi abantu ababulawa ubuhlungu bamalungu babulawa yinto engabeayihiupi uma baka igazi. Inxa umzimoa wamalungu (Rheumatism) uxubene negazi eliluja lowomzimba ungeze welashwa uhlale upilile inxa kungate kwakiwa lona igazi

AmaPink Pills kaDr. Williams aka igazi, nabagulisiwa yiqolo engabe ayedoda uma belinga lomuti bengazilahla ekupeleni itemba sebeti baguliswa unimbe lokufa. Ukupumula nokuzelapa ngamaPink Pills anika amandhla. Yi kona kuyoqeda ukukwelwa yiqolo okuningi ngisho umzimba wamalungu.

Kubantu abaseleneza kanzima baze beqise nabasina ngokweqileyo balele ingcosana kuhle bazipate ngokunye bese bez'elapa ngamaPink Pills kaDr. Williams kupela okudingekeyo ukuxosha ubuhlungu nokuqaqanjelwa okuncane kezela ukuti uzakuwa pansi. Ungawola amaPink Pills kaDr. Williams kumkemisi wakini noma kona kwoDr. Williams Medicine Co., Long Street Cape Town, ngo3s 3d. ngegabha noma uga situpa ngo18s. ungakokeli posi.

Ezohambo lwami

(Ku Mhleli we "Langa.")

OHLANGE INSTITUTION endaweni eyiKoliji njengale ngihambela ukoteka la nokubona into ezingaba lusizo ekuyeleni kwami eRhodesia. Kulesisikolo esidumileyo kakulu ngafika ngamukelwa uMr. C. L. Dube, B. A., Acting Principal, wangidedela uba ngiboniswe yonke indawo, ngiye kuko konke. Engikubonileyo Ohlange ngavuseleleka nga fisa sengati ngabe zibili, zitatu ezinje zisungulwa imicabango yabantu ngokwabo Abamhlope ma senza into ebo nokalayo bangakutakazela labo abahlobo betu. Ngihambele bonke oTisha ngifunda inqubo yabo. Ngabona no Mr. Morgan oseyiHead Master yas'Ohlange sanenxoxo ende. OMessrs. D. Bhengu, R. Caluza J. Cele, noMseko noMr. N. Lutuli nabo saba nenxoxo esizayo kakulu Ngiye ngayotola umfuno kwaMr. noMrs C. L. Dube ngane ukati enhle kakulu impela UMr. Dube kadinwanga uba siqondisane msebenzi engihamba ngawo nokweluoleka entweni eziwusizo.

UNkulunkulu wahlanganisa abantu abalungileyo abatobileyo futi kepa befundile, uMrs C. L Dube yiB.Sc., yaseWilberforce University. Ngihamge kahle enjongweni yami yonke.

AMANZIMTOTI INSTITUTION.

KuleKoliji engafunda kuyo nami ngiyehluleka ukucaza indaba yakona ngoba ngingaswela amazwi okubonga.

Ngafikela kwaMr. noMrs G. M. Sivetye. Ngite ngifika nje uMr. Sivetye walanda intondolo wati nansi inkuku yokukuhlabisa. Ngite ngisamangele yiloko ngezwa uba uzobingelelwa lapa (Reception) kona emzini kaMr noMrs. Sivetye kwakungati ngumshado. Kwakupeka oMrs. Sivetye noMrs. C A. Sivetye nabanye abasizi Kwakukona isoka: Misses F Cele, Elsie Dhladhla, (Teachers, Model School,) J. Mngadi (Teacher, Primary School) F. H. Kumalo, A. Cele, E. Vilakazi, T. Mshiela (Teachers) G. M. Sivetye, J. G Kwela, W.